agriculture
& rural development
Department:
Agriculture and Rural Development
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

07 August 2018
Isolezwe
Page: 03

# Bakhala ngomlimi 'ohlukumezayo'

**PHILI MJOLI**

UDINWE uyaveva umphakathi waseKranskop ngomlimi othi uqashe ugandaganda ogumbe amathuna ezihlobo zawo ezangcwatshwa epulazini ethi ufuna ukutshala ihlathi.

Umphakathi waseSgedleni, obuhlala epulazini elaziwa ngokuthi ikwaMehlwemamba elikuyo le ndawo, osuhlala ngaphandle kwepulazi ngemuva kokuthi umlimi awuxosha, uthe ukhathele yilo mlimi ohlukumezayo.

Bathi umlimi, uMnuz Carl Gaurdman, wabaxosha epulazini phakathi kuka-2016 no-2017 wabanika oR2000 wathi abaphume epulazini lakhe ngoba ngeke bayithole intuthuko efana nogesi, imigwaqo nezinye izinto ezitholwa wumphakathi ohlala esabelweni. Bathi wathi ngeke avume kufakwe lezi zinto epulazini lakhe. Ingu-15 imindeni ethi yaxoshwa epulazini.

UMnuz Sikhumbuzo Zondi, osekomitini lababehlala epulazini, uthe umlimi wayebahlukanisa phakathi akhulume nemizi embalwa. Kwakuthi uma isisukile aye kweminye yagcina isisuke yonke.

"Sesisukile epulazini lakhe sihlala khona eSgedleni endaweni eyayiyimishini. NgoLwesine olwedlule ubize ugandaganda wagumba amathuna emindeni yethu. Sisabheke lokho, ngoLwesihlanu kufike osika indawo ehamba efaka izikhonkwane ezikhombisa ukuthi umhlaba wakhe ugcina kuphi. Kunemizi okumele idilizwe futhi ngoba uthi ingaphakathi kwepulazi lakhe kodwa ubekhona yakhiwa wangasho lutho. Ngenyanga edlule uke wasikaza ukuvula umgwaqo enkundleni yezemidlalo ePotspruit Primary sakhuza, asisaqondi ukuthi kanti ufunani," kusho uZondi.

Uma bebuza ukuthi uwuvulelani umgwaqo ngoba ukhona omunye, uthe ngeke ezwe ngabo ukuthi enzeni emhlabeni wakhe.

"Amaphoyisa athi akakwazi ukusivulela icala lokuthi ugumbe amathuna ezihlobo zethu, athi asithole abameli abazosilwela. Sizobathathaphi abameli ngoba iningi lethu alisebenzi," kusho uZondi.

Ikhansela lendawo, uMnuz Mbangiseni Yengwa, lithe umlimi uthe ufuna ukutshala ihlathi kule ndawo ebingasahlali muntu.

"Emhlanganweni womphakathi ebesinawo asikho isinqumo esithathwe wumphakathi obudinwe kakhulu futhi naye akazange alubhade. Umphakathi uthe usukhathele ubona sengathi uhulumeni uwulahlile ngoba namaphoyisa ayawuchitha," kusho uYengwa.

Leli phephandaba lizamile ukumshayela ucingo umlimi kodwa ubengalubambi.

UMnuz Gino Shabalala, weLandless People's Movement, uthe izigcawu ebezidingida udaba lomhlaba kuleli ngeledlule ziholele ekutheni abalimi balime nezindawo abebengasazisebenzisi ngoba kuthiwa umhlaba ongasebenzi yiwona obhekwe kakhulu ohlelweni lokuthathwa kwawo ngaphandle kwesinxephezelo uma kwenzeka umthetho uchibiyelwa.